This is the Cambridge Assessment International Education, Cambridge IGCSE in isiZulu as a Second Language. Syllabus 0531, Paper 2 Listening, November 2019.

Instructions to candidates

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.

Write in dark blue or black pen.

Do not use staples, paper clips, glue or correction fluid.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper. You need not write in full sentences. Dictionaries are not permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test.

The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question.

A signal is used to introduce each item.

Pause 00’10’’
Signal

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa nguThabisile Jali ongumdansi.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **akusilo**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal

***Izwi lowesifazane:***

Ukukhulela elokishini eliseduze nehositela yikho okwangenza ngathanda ukudansa. Noma ngenza umdanso wesimanje owaziwa nge *contemporary urban dance*, exube izindlela zase-Afrika zokudansa zeminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye. Ngakhulela eduze kwehostela elalihlala abantu abaphuma ezindaweni ezihlukile bamasiko ahlukile.

Cishe nganginеminyaka eyi-9 ngesikhathi ngizitshela ukuthi ngifuna ukudansa ngithokozise abanye abantu. Abazali bami bona babenamanye amaphupho ngempilo yami. Babefuna ngigxile emfundweni ngibe ngudokotela, kodwa uthando lomdanso yilo olwahamba phambili nakuba ngangenza kahle ezifundweni zeziBalo nezeSayensi. Ngangijwayele ukubuka uMculi owayedumile ngaleso sikhathi nokwakungu Michael Jackson. Ngaqala ngalingisa ukudansa kwakhe kodwa ngakuxuba nokusina engangikubona kwenziwa ehhositela.



https://xtremepape.rs/

Pause 00’10”

Kwakungelula ukuba ngivimbe lolu bizo lokudansa esiteji. Ngisuke ngikhululekile emoyeni uma ngidansa. Ngesikhathi ngiqala ukudansa ngangingenaso isiqiniseko sokuthi kuzoba wumsebenzi wami; engingikwazi ukuthi abantu babejabulela ukungibuka.

Ukudansa ngesikhathi ngisakhula ngeminyaka yama-90 kwakuyinselelo enkulu. Ngaleso sikhathi, ukudansa kwakungathathwa njengomsebenzi, ikakhulukazi elokishini. Kwadingeka ukuthi ngisebenze kanzima ukuze ngishintshe ukucabanga kwabantu basekhaya nabangane. Kubangane bami yimi engangihlukile ngoba ngangingasho lutho lapho abanye kukhona abakushoyo ngemisebenzi abafisa ukuyenza. Namuhla yimi engikhuluma kakhulu ngomdanso nokuthi ungakusiza kanjani ukuze ufeze amaphupho akho.

Pause 00’10”

Ezinye zezinto ezinkulu engizenzile zibandakanya ukuqala inkampani yami. Sengithole imiklomelo eminingi ezweni lonkana nasemazweni omhlaba. Isifundo esikhulu engisifundile wukuthi umdanso uhambisana nokuzihlonipha. Njalo ngihlale ngihamba nokuyinto esingifundise okuningi ngabanye abantu engihlangana nabo, kanjalo namasiko abo.

Kuyisibusiso ukwenza umsebenzi okunika ithuba lokuhlangana uxhumane nabantu emhlabeni. Nakuba uhamba izindawo namazwe amaningi kukhathaza, kodwa ayikho into eyedlula ukudansa ezindaweni eziphezulu emhlabeni jikelele. **

Pause 00’05”

***Izwi lowesilisa:***

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25’’

Signal

***Izwi lowesifazane:***

**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo phakathi komsakazi wezinhlelo zomsakazo kanye noNkosazane Mfeka ongusomabhizinisi wesifazane ozimele elokishini.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

* Signal



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

Wawenza msebenzi muni ngaphambi kokuqala ibhizinisi lakho?

***Izwi lowesifazane:***

Ngaba ngowokuqala kwabane besifazane ababa ngabahloli bokudla eMalawi. Ngaphothula izifundo zami eNyuvesi ngase ngisebenza imininyaka eyishumi njengomhloli omkhulu wokudla eGazankulu.

***Izwi lowesilisa:***

Yini eyakwenza ukuthi ucabange ukuzivulela ibhizinisi lakho?

***Izwi lowesifazane:***

Ngizalwa emndenini wamabhizinisi. Abazali bami babenamabhizinisi abo kanye nabafowethu nodadewethu, kuyimi ngedwa engisebenzela iholo. Ngangibona bephumelela ngase ngifisa nami ukuzimela emsebenzini wami.

***Izwi lowesilisa:***

Yikuphi owawukwesaba kakhulu? Wakunqoba kanjani?

***Izwi lowesifazane:***

Ngaqala ngokwenza ucwaningo olunzulu ekuthengisweni kwezinkwa. Kwakumele ngiqhudelane namabhikawozi amakhulu asezenzele amagama emphakathini, kodwa ngangizimisele ukuzibonakalisa. Okwangenza nginqobe lokho kwesaba kwaba ukuthi  mina ngangingezukufana nalawo mabhikawozi abhaka izinkwa namhlanje, zilethwe ngakusasa. Abathengi babezozithola zisashisa ezivela ebhikawozi lami.

***Izwi lowesilisa:***

Kwaba yisiphi isinyathelo sakho sokuqala?

***Izwi lowesifazane:***

Ngaqala ngokwenza ucwaningo ngase ngithola ukuthi kunesidingo esikhulu sebhizinisi lami emakethe. Wonke amabhikawosi ayesedolobheni edlulela nasemalokishini. Ngaqala ngavula ibhikawozi nesitolo esakhiweni esisodwa, abantu base bekwazi ukuhamba ngezinyawo beze esitolo sami, bazithenge zisaphuma kuhhavini izinkwa ezishisayo.

Pause 00’10”

***Izwi lowesilisa:***

Zikhona izikhathi lapho wawuke ucabange ukuliyeka leli bhizinisi?

***Izwi lowesifazane:***

Ibhizinisi lami like laba nezinkinga zokuhlaselwa yizigebengu zigqekeza. Emva kwalokho ngacabanga ukulishiya phansi, kodwa okwangenza ngaqhubeka ukwazi ukuthi noma iliphi ibhizinisi linobuhle nobubi.



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

Kuyishintshe kanjani impilo yakho ukuphatha ibhizinisi?

***Izwi lowesifazane:***

Ukuphatha ibhizinisi kwenze ngahlukana nempilo yabangane, kodwa ngiyawujabulela Umsebenzi wami njengosomabhizinisi. Kunginika inselelo yokuthi kufanele ngihambisane noshintsho. Ukuphatha ibhizinisi kungifundise ukuthi ayikho into engahlula umuntu wesifazane uma nje ezimisele ngokuyenza.

***Izwi lowesilisa:***

Ulibona likuphi ibhizinisi lakho eminyakeni emihlanu ezayo?

***Izwi lowesifazane:***

Ngifisa ukuba namabhikawozi amaningi ezindaweni ezahlukene, ngiqashe abantu abaningi ngihambise nezinkwa ezishisayo kubathengi bami. **

Pause 00’10”

***Izwi lowesifazane:***

Uzozwa inhlolovo okwesibili futhi.

Repeat from * to **
Pause 00’25’’

Signal

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo phakathikomsakazi kanye noNqubeko Mhlungu ongumdlali wehokhi kanye nombhali, mayelana nokuba ngubaba omusha.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Pause 01’00”

* Signal

***Izwi lowesifazane:***

Unyaka ka-2019 ubeyimpumelelo kuwe nomndeni wakho. Uthole indodakazi, waphinde waqokwa njengomdlali ovelele emdlalweni wehokhi, wakhipha incwadi ekhuluma ngempilo yakho usadlalela iqembu lesizwe. Ingabe ukwenze kanjani konke lokhu?



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

Ngicabanga ukuthi ngisizwe ukuhlela izinto kanye nokuba nenkosikazi esibambisene nayo. Ukube bekungekho ukusebenza ngokuzwana ekhaya bekuzoba lukhuni impela. Obekwenza kube lukhuni kakhulu ukuthi naye umkami ungumuntu ohlale ematasa njengosomabhizinisi ozimele.

***Izwi lowesifazane***

Yini oyifunde ngokuba ngubaba?

***Izwi lowesilisa***

Kuyiqiniso ukuthi umntwana ukhuliswa umphakathi wonke. Umama wami nezihlobo zami banesandla ekukhuliseni umntwana wethu ngoba mina nomkami sihlala simatasa, okwenza singakwazi ukuba sekhaya nendodakazi yethu uSimbongile ngaso sonke isikhathi. Kunzima ukuba ngumzali ngoba kusho ukuthi kumele unakekele omunye umuntu, ngibonga ukuba khona komkami. Miningi imisebenzi ayenzayo kodwa usakwazi ukuba ngumama aphinde abe ngunkosikazi.

Pause 00’10”

***Izwi lowesifazane***

Njengomzali, kuwumsebenzi wakho ukufundisa uSimbongile ngezimo zempilo kodwa ingabe kukhona osukufunde kuye?

***Izwi lowesilisa***

Akakakwazi ukukhuluma kodwa ukuba khona kwakhe kungenze ngayeka ukwesaba. Unginikeza isibindi sokwenza noma yini ukuze ngiphumelele naye ukuze athole ikusasa eliqhakazile.

***Izwi lowesifazane:***

Yini owawungafisa ukuyazi ngaphambi kokuba umzali?

***Izwi lowesilisa:***

Ngaphambi kokuthola uSimbongile, ngangihlale ngizwa abantu besho ukuthi kunzima ukukhulisa umntwana. Ngangithi bayadlala kodwa ngagcina ngizizwele. Ngifisa engabe bangitshela ukuthi impilo inzima kangakanani. Ukuba nguwe onomsebenzi wukunakekela omunye umphefumulo kuyinto engencane futhi okumele uyenze ngokukhulu ukuqikelela. Akufani nokuba nemoto noma ukuba ngumphathi emsebenzini. Ngizimisele kakhulu ukuba ngibe ngubaba oqotho nozoba nobudlelwane obuhle nendodakazi yakhe. **

Pause 00’10”

***Izwi lowesilisa:***

Uzophinde uyizwe okwesibili lengxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’20’’

Signal



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo ephakathi kwentatheli noThokozani Maseko ongumdidiyeli wamafilimi nezinhlelo zeTV osemncane bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01'30''

* Signal

***Izwi lowesifazane:***

Sawubona Thokozani. Siyabonga ngokusipha isikhathi sakho. Ngiyazi ukuthi umsebenzi owenzayo ukugcina umatasa njalo.

***Izwi lowesilisa:***

Sawubona Thamsanqa. Ngiyajabula ukuthola ithuba lokuxoxa nawe.

***Izwi lowesifazane:***

Siyakubongela ngokuba ngomunye wabadidiyeli bezinhlelo ze-TV. Nokho akujwayelekile ukubona umdidiyeli osemncane njengawe. Awusichazele ukuthi yiliphi ithuba lokuqala owaba nalo nelaholela ekutheni ube lapho usukhona manje ngokomsebenzi.

***Izwi lowesilisa:***

Ngiyabonga kakhulu dadewethu. Kwathi ngineminyaka eyishumi nane, umama wami wathola umsebenzi omusha lapha eGoli. Lokhu kwasho ukuthi kumele sishiye impilo kanye nakho konke esasesikujwayele eThekwini ukuze siqale kabusha lapha. Ukuyofunda esikoleni esisha kwanginika ithuba lokwazana nezintatheli zemidlalo zakwa ZA-TV. Ngibonga uthisha wami owangitholela umsebenzi wami wokuqala wokusebenza kwa ZA-TV sengenza ibanga leshumi.

***Izwi lowesifazane:***

Wawuvele uzimisele ngokwenza lo msebenzi?

***Izwi lowesilisa:***

Ngangingazi kahle engifuna ukukwenza, kodwa nganginalo uthando lwe-dramatic arts. Leli toho langinikeza ithuba lokwazi kabanzi ngayo. Ngathola ukubona ukuthi izindaba zeTV zethulwa kanjani emoyeni. Ngangikuthokozela ukubona abamakhamera benza umsebenzi wabo. Emva kwetoho ngangifuna ukuyokwenza izifundo ezihambisana nawo lo msebenzi wokudidiyela izinhlelo kodwa ngenxa yokungabi nayo imali angikwazanga.

***Izwi lowesifazane:***

Awu, kwakubi lokho. Manje waqhubeka kanjani nempilo?



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

Sengiqedile isikole ngangizama ukuthola imisebenzi engamatoho ukuze ngibeke imali yokuyoqhuba izifundo zami. Imali yayingahlangani ngoba ngalesi sikhathi ngase ngihlala nomngani wami. Imali engangiyithola kwakungeyokukhokhela indawo yokuhlala kanye nokuthenga ukudla.

Pause 00’10’’

***Izwi lowesifazane:***

Kuyabonakala ukuthi kwakunzima ngempela ukuthi iphupho lakho lifezeke.

***Izwi lowesilisa:***

Yebo, khona kwakukhona ubunzima endlelini kodwa kwangisiza ukuphikelela. Ngangihlale ngicela isikhala sokuba omunye wezibukeli ezinhlelweni zabantwana eziqoshwa bukhoma ezindlini zokusakaza e-One Studios. Ngelinye ilanga basamukela isicelo sami. Kwathi ngosuku Lwesine ngakwazi ukubonana nomqondisi wohlelo owavele wangithanda wangiqasha ukuba ngibe yi-production assistant.

***Izwi lowesifazane:***

Ngiyacanga wawujabule kakhulu ngalowo mzuzu.

***Izwi lowesilisa:***

Kunjalo! Ngasebenza kakhulu ngokuzinikela ngaze nganyuselwa esikhundleni ngonyaka olandelayo, ngaze ngagcina sengingumqondisi wezinhlelo ezahlukene zabantwana kanye nezomculo.

***Izwi lowesifazane:***

Manje wenzenjani ngezifundo?

***Izwi lowesilisa:***

USakhizwe Zulu owayephethe e-One Studios wangisiza wangifundisa umsebenzi. Ukusebenza noSakhizwe kwangikhulisa kakhulu kwaze kwangenza ngifise ukuzimela. Ngayeka e-One Studios ngazimela.

Pause 00’05’’

***Izwi lowesifazane:***

Yiziphi izinkinga owabhekana nazo ngaleso sikhathi

***Izwi lowesilisa:***

Ziningi kakhulu izingqinamba engabhekana nazo. Ezinkulu kakhulu kwaba ukuthi inkampani yami yayingaziwa futhi lokhu kwakwenza abantu bangathandi ukuyisebenzisa. Okunye engakwenza okwaba yiphutha kwakungukuqasha ihhovisi elikhulu engangingalidingi. Yingakho sabuye saqasha ihhovisi elincane okwasisiza ukuthi sikwazi ukonga imali.

***Izwi lowesifazane:***

Manje uzimisele ngani ngekusasa lakho?



https://xtremepape.rs/

***Izwi lowesilisa:***

Iphupho lami ukusebenzisa ezobuchwepheshe besimanje ukuthuthukisa ibhizinisi lami. Esinye sezifiso enginazo ukuthi maduzane nje ngibe neziqu kwezamabhizinisi nezamafilimu. **

Pause 00’05”

***Izwi lowesilisa:***

Uzoyizwa okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’30’’

Signal

***Izwi lowesilisa:***

Kuphela lapha ukuhlolwa.

This is the end of the examination.

© UCLES 2019


https://xtremepape.rs/

